basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2017**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI : 70**

**Le memorandamu inamakhasi ayisi-8.**

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

## INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele.Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/ NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

### 1.1 UMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1.1 Lo mkhuba uvame entsheni esafunda/eyahlulwa isikole.√ (1)

1.1.2
- Izinga eliphezulu lokungasebenzi.√
- Izingane ezihlala zodwa.√
- Ukungahlalisani kahle kwezinhlanga ezahlukene.√

(Okubili kwalokhu) (2)

1.1.3 Zombili zikhuluma ngokuhlukumezeka/ ukwanda kobugebengu obunhlonhlobo/ ukungaphephi.√ Isigaba sesi-6 sikhuluma ngokuhlukumezeka kothisha nabafundi behlaselwa ezikoleni ngenxa yamaqembu ezigelekeqe√kanti esesi-7 sikhuluma ngokuhlukumezeka komphakathi ozithola usukhinyabezeka kwezomnotho nakwezentuthuko ngenxa yawo la maqembu ezigelekeqe.√ (3)

**Qaphela:** uma umfundi engashongo ukuthi kutholakala kuphi ngeke awathole wonke amamaki.

1.1.4 Izigelekeqe esezikhulile zisebenzisa isu lokuheha intsha ngokuyithengela izingubo zokugqoka ezinamagama, ziyinikeze imali futhi ziyivikele yona nemindeni yayo ikakhulukazi leyo ehlala ngayodwana. √√ (2)

1.1.5 B/Ukungathandisiswa abanye abantu. (1)

1.1.6 Kungahlukunyezwa imindeni yalezi zingane ezingamalungu ezigelekeqe, kucekelwe phansi namakhaya azo. Kungaba nokuzondana phakathi komakhelwane ngoba abazali basuke benezinhliziyo ezibuhlungu ngenxa yokuthi basuke bengazithumile izingane zabo./ Kungaba nomphumela wokuba lezo zingane zizibandakanye namaqembu ezigelekeqe ziyeke isikole singakafiki isikhathi zihlukumeze nomphakathi ngezindlela ezahlukahlukene.√√√ (3)
(Nezinye izimpendulo ezikhombisa intukuthelo yomphakathi)

1.1.7 Kungaba nomthelela omubi ngoba kunganda izehlakalo eziningi zobugebengu bese kufa abantu abaningi abangenacala/ Kungaphazamiseka ukudluliswa kwezidingo ezahlukene ezisemqoka emphakathini.√√ (2)
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

1.1.8 Intsha ingahlelelwa ezemidlalo nezikaqedisizungu√ukuze isikhathi sayo isichithe ezintweni ezingenabungozi nezakhayo.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)

1.1.9 Siyiqiniso ngoba amajele aseyizindawo zokuhlunyeleliswa / zokwakhiwa/ zokuqondiswa kwezimilo ukuze labo ababeboshiwe uma sebeziqedile izigwebo zabo bakwazi ukulekelela ukunciphisa ubugebengu emphakathini abayakhele.√√ (2)

1.1.10 Ngingathi ukuzibandakanya namaqembu ezigelekeqe akukuhle ngoba kungayicekela phansi impilo yayo ingabi nenqubekela phambili kwezemfundo nakwezinye izinto eziyikusasa layo.√√ (2)

1.2 **UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.2.1 Kunomuntu ogibele phezu kwebhonethi/kwekhala lemoto ngesikhathi ilokhu yona iphenduka futhi kubonakala sengathi uyakujabulela lokhu akwenzayo.√√ (2)

1.2.2 Umehluko wesithombe sesi-2 nesesi-3 ukuphathwa kwezibhamu ngabantu abangalingani ngokweminyaka/izingane kanye nabantu abadala.√ Esithombeni sesi-2 abafana baphethe izibhamu ezincane/amathoyizi kanti kwesesi-3 omunye walaba abadala uphethe isibhamu esikhulu/ sangempela. (2)

**Qaphela:** uma umfundi engashongo ukuthi kutholakala kuphi ngeke awathole wonke amamaki.

1.2.3 Isigaba sesi-3 umbhalo A kanye nesithombe sesi-4 kuqukethe umqondo wokuzibandakanya namaqembu ezigelekeqe emphakathini.√ Isigaba sesi-3 kanye nesithombe sesi-4 kuveza ukuthi kuyabulawana kuhlukumezeke nomphakathi okungenzeka abanye baboshwe.√√ Lokhu kungagcina kuphazamisa nenhlalakahle yomphakathi/ ukufunda nokufundisa.√ (4)

**Qaphela:** uma umfundi engashongo ukuthi kutholakala kuphi ngeke awathole wonke amamaki.

1.2.4 Kungenzeka ukuthi lo oshaywayo agcine eseshonile /esekhubazekile/esexhwalile√ kuthi laba abamshayayo bagcine ngokuboshwa/uma bengazange baboshwe kugcina kuhlukumezeka umphakathi.√ (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

**UMBHALO C**

| Amaphuzu acashuniwe | | Amaphuzu owabeke ngamagama akho | |
|---|---|---|---|
| 1 | Qinisekisa ukuthi ithenda oyibhalelayo isemthethweni ibhalisiwe futhi inenombolo yelayisensi. | 1 | Ithenda oyifunayo mayibe nemininingwane eyiqinisekisayo/eyigunyazayo ukuthi isemthethweni. |
| 2 | Khetha ithenda enomsebenzi ongakwazi ukuwenza ngesikhathi omiselwe sona. | 2 | Thatha umsebenzi ongakwazi ukuwuqeda ngesikhathi onqunyelwe sona. |
| 3 | Hambela umhlangano ochaza kabanzi ngethenda ukuze ungenzi amaphutha. | 3 | Iya emhlanganweni/ Thamela umhlangano odingida/omayelana nalelo thenda ukuze ugcwalise imininingwane ngaphandle kwamaphutha. |
| 4 | Thola izincwadi zezincomo kubantu osuke wabenzela umsebenzi bese uzithumela nesicelo sethenda lakho. | 4 | Cela izincwadi ezikutusayo kubantu osuke wabenzela umsebenzi bese uzithumela nesicelo sakho sethenda. |
| 5 | Qaphela ukuthi ubala konke okuzofanele ukukhokhele uma kufanele uzibizele imali kuthenda ngaphambi kokunquma inani lemali ozoyibiza. | 5 | Bala zonke izindleko ezimayelana nomsebenzi uma unquma isamba semali ozoyidinga kulelo thenda ukuze uzothola inzuzo. |
| 6 | Faka wonke amaphepha abawafunile okungabalwa isitifiketi sentela, nese-BBBEE. | 6 | Yenza isiqiniseko sokufaka zonke izitifiketi ezidingakalayo. |
| 7 | Bhala kudayari yakho usuku nesikhathi sokuvalwa kokuthathwa kwezicelo ukuze ungakhohlwa futhi ungashiywa yisikhathi esibekiwe. | 7 | Bhala kudayari usuku nesikhathi okugcinwa ngalo isicelo sethenda bese ukubeka endaweni ephephile nesobala ukuze uzohlala uzikhumbuza. |

Ithenda oyifunayo mayibe nemininingwane eyiqinisekisayo ukuthi isemthethweni. Ungawuthathi umsebenzi ongeke wakwazi ukuwuqeda ngesikhathi onqunyelwe sona. Kungakusiza ukuthamela umhlangano omayelana nalelo thenda ukuze wenze isiqiniseko sokugcwalisa imininingwane ngaphandle kwamaphutha. Cela izincwadi ezikutusayo kubantu osuke wabenzela umsebenzi bese uzithumela nesicelo sakho sethenda. Bala zonke izindleko ezimayelana nomsebenzi uma unquma isamba semali ozoyidinga kulelo thenda ukuze uzothola inzuzo. Yenza isiqiniseko sokufaka zonke izitifiketi ezidingakalayo. Bhala kudayari usuku nesikhathi okuvalwa ngaso isicelo sethenda bese ukubeka endaweni ephephile nesobala ukuze uzohlala uzikhumbuza.

[Inani lamagama angama-77]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**Indlela yokumaka ukufingqa**

Ukumaka lo mbuzo kweyame ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo:**
  - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 1–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe amagama kuze kufike ekugcineni kwalowo musho eqe ngawo.

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

3.1 Isiqubulo esithi 'zigcine uyisingqazu nge-*perfect choice'* siyahambelana nobuhle bezinwele zale ntokazi esesithombeni √ngoba inezinwele ezinhle ngenxa yokusebenzisa i-*perfect choice*.√ (2)

3.2 Yingoba amafutha kakotapheya angesinye sezithako zemvelo okwenziwe ngaso lo mkhiqizo okhangiswayo wezinwele.√ Alekelela ekuvuseleleni izinwele nesikhumba sekhanda/avikela izinwele ekuqothukeni .√
(Nokunye okubhalwe esikhangisini.) (2)

3.3 Igama, 'ikhambi' linobudlelwano nomuzwa wokujabula ovezwa owesifazane okulesi sikhangisi ngenxa yokuthi inkinga abenayo yezinwele isixazululekile/ isilaphekile.√√ (2)

3.4 Ulimi olunxenxayo√ oluyalela abesifazane abanezinkinga zezinwele ukuba basebenzise lo mkhiqizo ukuze izinwele zabo zibukeke ziphilile.√ (2)

3.5 Igama lo mkhiqizo libhalwe ngamagama amakhulu ukuze usheshe ubone okukhangiswayo, √ ifonti encane isetshenziselwe ukuthi umkhangisi aveze izinto eziningi ezinhle umthengi azozizuza uma ethenga lo mkhiqizo.√/Ifonti etshekile ibuye itshengise ukuthi, igama, '*Perfect Choice*', ulimi lwesiNgisi.
(Okubili kwalokhu) (2)
**[10]**

## UMBUZO 4: UKUQONDISISA EZINYE IZINGXENYE ZEMITHOMBO YEZINDABA

4.1 Kuvame ukwenzeka onqenqemeni lwemigwaqo eyahlukene/emarobhothini/ emadolobheni lapho kuvame ukudlula khona abantu abaningi/ngasenxanxatheleni yezitolo lapho abantu abafana nalona osesithombeni becela khona imali.√√ (2)

4.2 Ubuqiniso obenzeka kule khathuni ukuthi baningi abantu abahlala emigwaqeni abasebenzisa amaqhinga/amasu ahlukene okucela imali kubantu ukuze baziphilise/ukuqola abantu ngoba benqena ukuyosebenza/bentula imisebenzi.√√ (2)

4.3 B/ngiyakucela (1)

4.4 Anobudlelwane bokuthi nayo le ndoda ekule khathuni ivale amehlo/icimezile kungathi iyacabanga, √ ijulile ayifune kuphazanyiswa√ futhi ithandazela ukuthi abantu abayifake le mali engamaphepha. √ (3)

4.5 Umdwebi wale khathuni udlulisa umyalezo wokuthi abantu abasazisabi izinto ezingamahlazo√ ngenxa yokuthanda imali njengalo mlisa okule khathuni ufuna ukusizwa kodwa akanamahloni okuthi ufuna imali enjani/engakanani.√ (2)
**[10]**

## UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Lungundabuzekwayo/Lungundabamlonyeni/luyindaba egudwini√ (1)

5.2 SALGA√ (1)

5.3 Phela-ke iningi labo yibona abangagcina amasiko abo ngokuhlaba izilwane uma benemicimbi ethile.√ (1)

5.4 Siqukethe umqondo wenkathi yamanje/wokwenzeka manje okuqhubekayo/wokwenzekayo.√ (1)

5.5 Imithetho ekhuluma ngokuhlaba nokubulala izilwane (k)**ayakhiwanga** kudala.√ (1)

5.6 Umkhandlu - Kuhle ukuba umkhandlu olawula ukuphathwa kwezikole ukhethwe ngabazali.√
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa) (1)

5.7 Abantu sebenemizi emadolobheni.√
Abaningi abamnyama.√ (2)

5.8 Inja nekati.√
Labo bayinja nekati abazwani ngenxa yemali.√ (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**